Contact the publishers at:
P.O. Box 3457, Dalview 1544, Rep. Of South Africa

January 2002

Ukumazi UNkulunkulu

ZULU

Written by Rev. Lindsay Cameron
Translation by Bongani Langa

Published by:

The Wesleyan Church
P.O. 3457, Dalview 1544, Rep. of South Africa

International Headquarters:
6060 Castleway West Drive, Indianapolis Indiana, USA
P.O. Box 50434, Indianapolis IN 46250-0434, USA

© 2001 The Wesleyan Church
For permission to reprint any part of these studies,
contact the publisher

Kuyini Ukubaphathizwa Na?

Umbhaphadiso uyinkonzo lapho khona abaholi besonto basebenzisa amanzi ukubonakalisa ukuthi ungcwelisiwe uJesu Khristu wamukelisiwe noMoya Ongcwele

NgokukaLukha 3 [16]*UJohane waphendula, wathi kubo bonke: Mina kambe nginibhaphathiza ngamanzi, kepha uyeza onamandla kunami engingafanele ukuthukulula umchilo wezicathulo zakhe; yena uzokunibhaphathiza ngoMoya Ongcwele nangomlilo.*

UPhetro ukhuluma ngamanzi njengesibonakaliso salokho uKhristu asenzela khona.

***1Phetro** 3 [21] okunguthi ngombhapathiso, kungesiko ukususa insila yenyama kuphela kepha ukucela uNkulunkulu unembeza omuhle, ngokuvuka kuka Khristu [22] okhona ngakwesinene sikaNkulunkulu esenyukele ezulwini, sekubekwe phansi kwakhe izingelozi, negunya, namandla.*

Umele ucele abaholi bebandla ukuba bakubhapathize, yikhona uzotshela izwe ukuthi ulandela uJesu Khristu. Bacele ukuthi usho amagama amafishane usho ukuthi kwenzekeni kuwe nokuthi ufuna ukulandela uJesu. Emuva kwalokho bayakukucwilisa emanzini okuyisibonakaliso sempilo ensha

***Thithu 3** [4]Kepha lapho sebubonakalisiwe ububele bukaNkulnkulu uMsindisi wethu nithando lwakhe kubantu [5]wasisindisa kungengamisebenzi yokulunga esasinayo thina kepha ngokwesihawu sakhe ngokwesigezo sokuphindukuzalwa nokwenziwa sibe basha ngoMoya Oyingcwele, [6]amthelayo kakhulu phezu kwethu ngaye uKhristu uMsindisi wethu.*

Imibuzo:

Sewulingele ukubhapathisiwa na?

- ❑ Sewumucelile uJesu ukuthi akuthethelele izono zakho na?
- ❑ Sewumcelile uMoya ukuba aphile kuwe akukhulule esonweni ?
- ❑ Sewuncumile ukuthi ungakhonzi abanye bomoya na?

Uma impendulo yakho kulemibuzo ithi yebo, sewulungele. Cela umfundisi ukuba akubhapathise egameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya Ongcwele.

Isibuyekezo

- UNkulunkulu uyasithethelela asinike uMoya Oyingcwele
- UNkulunkulu wenza umhlaba omusha wenzela abamthandayo
- Uma umkhetha uzokwamukela ezulwini uma ebuya
- Umbhapathiso uyisibonakaliso sesinxumo sethu

Ukudalwa Komhlaba.

Ukumazi UNkulunkulu:
1

UGenesisi 1 [1]*Ekucaleni uNkulunkulu wadala izulu nomhlaba.* [2]*Umhlaba wawuyihlane elingenalutho; kwakunobumnyama phezu kotwa, kepha umoya kaNkulunkulu wehla wenyuka phezu kwamanzi.*

[3]*UNkulunkulu wathi: Makube khona ukukhanya; kwaba khona ukukhanya.* [4]*UNkulunkulu wabona ukukhanya ukuthi kuhle. UNkulunkulu wahlukanisa ukukhanya nobumnyama.* [5]*UNkulunkulu wabiza ukukhanya ngokuthi yimini; ubumnyama wabubiza ngokuthi ubusuku. Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa usuku lokucala.*

[6]*UNkulunkulu wathi: akube-khona umkhathi phakathi kwamanzi, kwahlukaniswe amanzi namanzi.* [7]*UNkulunkulu wenza umkhathi wahlukanisa amanzi aphansi kpmkhathi namanzi aphezu komkhathi, kwabanjalo.* [8] *UNkulunkulu wabiza umkhathi ngokuthi izulu. Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa usuku lwesibili.*

[9]*UNkulunkulu wathi: Amanzi aphansi kwezulu mawaqoqeke ndawonye, kubonakale umhlaba owomileyo; kwaba njalo.* [10]*Okomileyo uNkulunkulu wakubiza ngokuthi umhlaba, nokuqoqeka kwamanzi wakubiza ukuthi ulwandle; uNkulunkulu wabona ukuthi kuhle.* [11]*UNkulunkulu wathi: umhlaba mawuveze utshani, nemifino eveza imbewu, nemithi yezithelo ngezinhlobo zayo, ekuyo imbewu yayo emhlabeni; kwaba njalo.* [12]*Umhlaba wawusuveza utshani nemifino ethela imbewu ngezinhlobo zayo, ekuyo imbewu yayo; uNkulunkulu wabona ukuthi kuhle.* [13]*Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa usuku lwesithathu.*

[14]*UNkulunkulu wathi: Makube khona emkhathini wezulu izinkanyiso ezahlukanisa imini nobusuku, zibe yizibonakaliso zezikhathi, nezezinsuku, nezeminyaka,* [15]*zibe yizinkanyiso emkhathini wezulu nezokukhanyisa emhlabeni; kwaba njalo.* [16]*Nkulunkulu wazenza izinkanyiso ezimbili ezinkulu, inkanyiso enkulu ukuba ibuse imini, nenkanyiso encane ukuba ibuse ebusuku, kanye nezinkanyezi.* [17]*UNkulunkulu wazifaka emkhathini wezulu ukuba zikhanyise emhlabeni,* [18]*zibuse imini nobusuku, zahlukanise ukukhanya nobumnyama. UNkulunkulu wabona ukuthi kuhle.* [19]*Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngikusa usuku lwesine.*

[20]UNkulunkulu wathi: Amanzi mawagcwale uswebezane lwezilwane eziphilayo kundize izinyoni phezu komhlaba emkhathini wezulu. [21]UNkulunkulu wadala imikomo emikhulu nezilwane zonke eziphilayo, ezihambayo, amanzi agcwala zona ngezinhlobo zazo, nezinyoni zonkhe ezinamaphiko ngezinhlobo zazo. UNkulunkulu wabona ukuthi kuhle. [22]UNkulunkulu wazibusisa wathi: Zalanani nande nigcwalise amanzi aselwandle, nezinyoni zande emhlabeni. [23]Kwaba-ngukuhlwa, kwaba-ngukusa usuku lwesihlanu.

[24]UNkulunkulu wathi: Umhlaba mawuveze izilwane eziphilayo ngezinhlobo zazo, izinkomo, nezilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni nezilo zomhlaba ngezinhlobo zazo; kwaba njalo. [25]UNkulunkulu wazenza izilo zomhlaba ngezinhlobo zazo, nezinkomo ngezinhlobo zazo, nezilwanyana ezinwabuzelayo emhlabeni ngezinhlobo zazo. UNkulunkulu wabona ukuthi kuhle. [26]UNkulunkulu wathi: Asenze abantu ngomfanekiso wethu, basifuze, babuse phezu kwezinhlanzi zolwandle nezinyoni zezulu, nezinkomo, nomhlaba wonke, nezilwanyana zonke ezinwabuzelayo emhlabeni.

[27]UNkulunkulu wamdala umuntu ngomfanekiso wakhe; wamdala ngomfanekiso kaNkulunkulu; wabadala owesilisa nowesifazane. [28]UNkulunkulu wababusisa; uNkulunkulu wathi kubo: Zalanani, nande, nigcwalise umhlaba, niwunqobe, nibuse phezu kwezinhlanzi zolwandle, nezinyoni zezulu, nezilwane ezinwabuzelayo emhlabeni.

Imibuzo:

1. UNkulunkulu wadala ini?
   - Ngosuku lokucala _____
   - Ngosuku lwesibili _____
   - Ngosuku lwesithathu _____
   - Ngosuku lwesine _____
   - Ngosuku lwesihlanu _____
   - Ngosuku lwesithupha _____

Khetha impendulo enguyona ngokubhala u ☒ ebhokisini onikezwe lona.

2. UGenesise 1v1 usitshelani ngoNkulunkulu?
   - ❑ UNkulunkulu waye nguMoya
   - ❑ UNkulunkulu wayelele
   - ❑ UNkulunkulu wayekhona kungakadalwa lutho

Lokhu kukufundisa ini ngoNkulunkulu na? _____ .

3. UNkulunkulu wasebenzisa ntoni ukudala ilanga, inyanga nezinkanyezi?
   - ❑ Wasebenzisa amanzi
   - ❑ Wasebenzisa umoya
   - ❑ Akasebenzisanga lutho

Kusifundisani loku ngoNkulunkulu? _____ .

1 UPetro 4 *[12]Bathandekayo, ningamangali ngomlilo ophakathi kwenu enifikelwa yiyo ukuba nilingwe ngokungathi nehlelwa yinto engaziwayo , [13]kodwa njengalokhu ningabahlanganyeli bezinhlupheko zikaKhristu, thokozani, ukuze kuthi nasekwambulelweni kwenkazimulo yakhe nithokoze, nethabe nokwethaba. [14]Uma nithukwa ngenxa yegama likaKhristu nibusisiwe, ngokuba uMoya wenkazimulono kaNkulunkulu uhlezi phezu kwenu. [15]Ngokuba makungabikho kini uhlupheka ngokuthi engumbulali, noma eyisela, noma engowenza okubi noma engezigaxa ezindabeni zabanye; [16]kepha uma ehlupheka ngoba engumKhristu, makangabi namahloni kepha makadumise uNkulunkulu ngenxa yalelogama. [17]Ngokuba sekuyisikhathi sokuba ukwahlulelwa kucale endlini kaNkulunkulu; kepha uma kuthathela kithina, kuyakuba yini kuyakuba yini ukuphela kwabangalaleli ivangeli likaNkulunkulu na? [18]Uma olungileyo esindiswa kalukhuniuyakubonakalaphi ongamesabi uNkulunkulu noyisoni na? [19]Ngakho abahluphekayo ngokwentando kaNkulunkulu mababeke imiphefumulo yabo kuMdali othembekayo ngokwenza okuhle.*

UNkulunkulu Usitshela Ukuba Sikhethe

Uma wamukele impilo entsha kuKhristu umele ungabi namahloni ngaye.

ULukha 9 *[26]Ngokuba yilowo nalowo onezinhloni ngami nangamazwi ami ngaye ngaye lo Indodana yomuntu iyokuba nemahloni lapho iza ngenkazimulo yayo neka Yise neyezingelozi ezingcwele*

KwabaseRoma 10 *[9]Ngokuba uma uvuma ngomlomo wakho ukuthi uJesu uyiNkosi, ukholwa ngenhliziyo ukuthi uNkulnkulu wamvusa kwabafileyo, uyakusindiswa. [10]ngokuba umuntu ukholwa ngenhliziyo kube ngukulunga, ngomlomo uyavuma kube ngukusindiswa. [11]Ngoba umbhalo uthi: Lowo okholwayo akayakujabhiswa.*

Imibuzo:

Lamavesi athi uNkulunkulu ufuna ini kubalandeli bakhe na?

- ❑ Ufuna ukuba sithokoze
- ❑ Ufuna ukuba sifihle ukukholwa kwethu
- ❑ Ufuna ukuba sitshele abanye ukuthi silandela uJesu

Yisho umuntu ongamutshela ngoJesu. _____ .

Kunezindlela ezintathu ongatshela abantu ngazo ngoJesu. Ungaphila impilo encono ebantwini. Ungakhuluma nabantu ngaye. Ungakwenza ngokuthi ubhphdiswe ngegama likaJesu. UJesu wathi ukubhaphadiwa kubaluleke kakhulu ukubonakalisa isincumo sakho.

Matewu 28 *[19]Ngakhohambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhaphadise egameni lika Yise, neleNdodana, nelikaMoya Ongcwele, [20]nibafundise ukugcina konke enginiyale ngako. Bhekani mina nginani kuze kube sekupheleni kwezwe*

Nangu umfanekiso womkhuleko wokucela intethelelo

Nkulunkulu, ngiyazi ukuthi ukhona futhi ngifisa ukuhamba nawe. Ngibeka ithemba lami kuwe nasendodaneni yakho uJesu. Ngiyakunxusa ukuba ungithethelele izono zami ungiphe uMoya Ongcwele ukuba angisize ukuba ngingoni. Ngiyabonga. Amen.

Impendulo KaNkulunkulu Ezingcakini Zomhlaba

Umhlaba unezinkinga lamuhla ngokuthi simushiyile uNkulunkulu. Kunabantu ababi nemimoya emibi. Kunokugula nokuhlupheka nokufa. Lokhu akumele kusimangalise ngokuba umhlaba ushiye uNkulunkulu onguyena ngempela. UNkulunkulu usenzele indlela yokuba sithethelelwe izono futhi usinika impilo entsha ngoMoya wakhe Oyingcwele. Umele enze njani ngabomoya ababi, nokukhohlakala nokuhlupheka emhlabeni na? Umele alungise zonke izinkinga ezikhona na? Qha! Lokho akusoze kwasiza ngokuba abantu abakhohlakele nabomoya ababi bazoqhubeka balethe ukuhlupheka ezweni.

UNkulunkulu wanquma ukuthi enze umhlaba omusha nomuhle enzele abantu bakhe abethembekile kuye.. Lenidawo ibizwa ngokuthi kuseZulwini. UJesu uyinkosi yasezulwini. UJesu ngesinye isikhathi uyasiphilisa siselapha emhlabeni kepha ngesinye isikhathi uyavuma ukuba sihlupheke ukuze sikhone ukuhlanjululwa singene ekhaya elisha lasezulwini.

Johane 14 *[1]Izinhliziyo zenu mazingakhathazeki. Kholwani uNkulunkulu nikholwe nayimi. [2]Ekhaya likababa kukhona izindlu eziningi; uma bekungenjalo bengiyakunitshela ukuthi ngiyakunilungiselela indawo. [3]Nanxa ngiya ngiyanilungisela indawo, Nginibuyisele kimi ukuthi lapho ngikhonanibe khona nani.*

2 UPetro 3 *[13]Kepha siyalindela ngesithembiso sakhe samazulu amasha nomhlaba omusha okukhona kuwo ukulunga . [14]Ngakho, bathandekayo, lokhu nibheka lezozinto, khuthalelani ukuba nifunyanwe ninokuthula ningenabala, ningenacala kuye.*

Imibuzo:

Ngoba enamandla onke uNkulunkulu kusho ukuthi uyakusiphilisa njalo na?

- ❑ Qha. Akasoze nakanye asiphilise.
- ❑ Yebo. Uyakusiphilisa njalo njalo
- ❑ Ngesinye isikhathi uzosiphilisa ngesinye isikhathi uyakusicela ukuba simethembe ukuthi ekuhluphekeni.

Impendulo kaNkulunkulu ngokuhlupheka okomhlaba yinkulu kakhulu kunanoma yini omoya ababi bangayenza. Uhlelo lwakhe luyini na? _____ .

Izulu liyoba ngumhlaba omusha lapho kungekho khona ukuhlupheka, izinyembezi, indlala nokwesaba.

4. UNkulunkulu wasebenzisa yiphi indlela ukudala umhlaba?
   - ❑ Wasebenzisa umuthi
   - ❑ Wasebenzisa izwi
   - ❑ Wasebenza kanzima

Kusifundisani loku ngoNkulunkulu? _____ .

5. Umuntu wehluka ngani ezilwaneni ngokusho kuka vesi 26?
   - ❑ Benziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu
   - ❑ Babecebile kakhulu
   - ❑ Babelambe kakhulu

Kusifundisani lokhu ngomuntu wesilisa newesifazane? _____ .

UNkulunkulu Uyinkosi Yomhlaba

Izenzo 17 *[24]UNkulunkulu owenza umhlaba nakho konkhe okukuwo, Yena oyinkosi yezulu nomhlaba akahlali emathempelini enziwe ngezandla; [25]Futhi akakhonzwa ngezandla zabantu ngokungathi udinga utho, yena obapha bonke ukuphila nokuphefumula nako konkhe. [26]Wazenza izizwe zonke ngagazi linye ukuba zakhe ebusweni bonkhe bomhlaba, wamisa izikhathi ezinqinyiweyo nemikhawulo yokuhlala kwazo , [27]Ukuze zifune uNkulunkulu , ingabe zingamuzwa, zimufumane; ingani kakude kulowo nalowokithi. [28]Ngokuba siphila , sihamba, sikhona kuye, njengoba izimbongi ezithile zakini zishilo zathi: "Ngukuba futhi siyinzalo yakhe"*

Imibuzo:

6. Izenzo 17 v 24 usitjela ukuthi uNkulunkulu uyini?
   - ❑ Inkosi yezulu nomhlaba
   - ❑ Umngani wabantu bonkhe
   - ❑ Unamandla kakhulu

Uma uNkulunkulu ayinkosi yakho konke, uyinkosi yakho na?_____ .

7. Abantu bonke bavelaphi ngokusho kuka vesi 26?
   - ❑ Ezilwaneni
   - ❑ KuAdamu, umuntu wokucoala
   - ❑ Emadlozini

Uma uAdamu abebalulekile kuNkulunkulu , wena ubalulekile na?_____ .

8. UNkulunkulu ufuna senzeni kuvesi 27?
   - ❑ Sithokoze
   - ❑ Sibe nezingane eziningi
   - ❑ Simufumane

Ngokusho kukavesi 27 ukuphi uNkulunkulu manje na?_____ .

Munye UNkulunkulu Weciniso

1 Izikronike 16 *[29]Khonza UNkulunkulu enkazimulweni yobungcwele bakhe.*
[30]Khothama kuye, mhlaba wonke.

Umbuzo:

9. Indalo yonke imele yenze njani kuNkulunkulu owasidala na?
   - ❑ Ukumkhonza
   - ❑ Ingamnaki
   - ❑ Ukungamethembi

Sewumkhonzile uNkulunkulu weqiniso owenze izulu nomhlaba na? _____ .

Impendulo Yethu KuNkulunkulu

Joshuwa 24 *[14]Manje yesabani uJehova, nimkhondze ngobuqotho nangeciniso, nisuse oNkulunkulu ababakhondzayo oyihlo phesheya koMfula * naseGibithe, nimkhonde uJehova . [15]Uma kukubi emehlweni enu ukumkhondza uJehova ,khethani namuhla ukuthi ngubani eniyakumkhondzayo,noma oNkulunkulu bama-Amori enihlala ezweni lawo; kepha mina nendlu yami siyakumkhondza u Jehova.*

Imibuzo:

10. Ukumhlonipha uNkulunkulu ufanele wenzeni, ngokusho kuka vesi 14?
    - ❑ Uyeke ukukhondza abanye oNkulunkulu
    - ❑ Umlethele izipho
    - ❑ Uvakashele ithempeli lakhe

Wena nomdeni wakho nike nabakhondza oNkulunkulu abanye na? _____ .
Ukulandela Nkulunkulu kusho ukuyeka ukukhondza oNkulunkulu abanye .

11. Abantu kwamele benzeni kuvesi 15?
    - ❑ Bazigezise/ Bazihlambulule
    - ❑ Bagcobise umuthi
    - ❑ Bakhethe ukulandela uNkulunkulu

Uzomlandela kanjani uNkulunkulu na? _____ .

Isibuyekezo:

UNkulunkulu wadala umhlaba nezilwane nabantu . Umuntu waba isidalwa sidala esibalulekile , sidalwe nomfanekiso kaNkulunkulu ngoba uyakwazi ukucabanga ,ukuthanda,ukudala,nokukhetha phakathi kokuhle nokubi.

UKhristu empilweni yakho

Ukwazi uNkulunkulu
4

Isifundo Esindlulile:

- UJesu Khristu abeyindodana kaNkulunkulu- uNkulunkulu wayephila nathi
- UJesu wafela izono zethu
- Wasinika uMoya wakhe ukuba ehlale kithi ukuze sizalwe kabusha sikhule ekukholweni sifane naye

Wenziwe Waphila KuKhrestu

Kwabase-Efesu 2 *[1]Uniphilisile nina enanifile ngeziphambeko nangezono zenu, [2]enanikade nihamba kuzo ngokwendlela yalelizwe, ngokombusi wamandla omkhathi, ungumoya osasebenza kubantwana bokungalaleli, [3]esasikade sihamba phakathi kwabo sonke ezinkanukweni zenyama yethu, senza intando yenyama neyengqondo; ngemvelo sasingabantwana bolaka njengabo abanye. [4]Kepha uNkulunkulu ucebile ngesihawu, ngenxa yothando olukhulu asithanda ngalo [5]sesifile ngeziphambeko, wenza siphile kanye noKhrestu , kungomusa nisindisiwe.*

Imibuzo:

Khetha impendulo enguyona ngokubhala u ☒ ebhokisini onikezwe lona.

1. Ukufa kukaJesu kubaluleke ngani kithi na?
   - ❑ Kungokuba wonke muntu uyafa
   - ❑ Kungokuba ngokufa kwakhe siyathethelelwa izon zethu
   - ❑ Kungoba ngokufa kwakhe siba nezinsuku eziningi singayi emsebenzi

Usemcelile uKhristu ukuba akuthethelele izono zakho na? _____ .

2. Kubaluleke ngani ukuthi samukele uMoya Ongcwele na?
   - ❑ UMoya usinika amandla okuba siphilele uNkulunkulu
   - ❑ Ngoba uMoya Ongcwele usenza sizizwele sijabulile
   - ❑ Ngokuba uMoya oNgcwele akazalwa yinyama

Umoya kaKhristu, uMoya Ongcwele, usisiza ukuthi singaphili esonweni.
Usumcelile na ukuba angene enhliziyweni yakho na? ____. Ungamcela manje.

Imibuzo:

5. Ukuphi uJesu lamuhla na?
   - ❑ Usethuneni
   - ❑ Uyaphila wabonwa nangabafundi bakhe
   - ❑ Asazi ukuthi ukuphi

Uza kithi namuhla. Uzomvumela na? _____ .

KwabaseRoma 8 *[11]Uma ke uMoya owavusa uJesu kwabafileyehlala kini, yena owavusa uKhristu Jesu kwabafileyo uyakuphilisa nemizimba yenu efayo ngaye uMoya wakhe ohlala kini.*

UJesu uhlala phakathi kwethu ngaMoya wakhe. Usenza ukuba sibe ngabantu abasha, kwangathi sisanda ukuzalwa.

Johane 3 *[3]UJesu waphendula wathi kuye : Ngiqinisile ngiqinisile ngithi kuwe: Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewubone umbuso kaNkulunkulu.*

[4]Unikhodemu wathi kuye: Umuntu engazalwa kanjani esemdala na? Angangena ngokwesibili esiswini sikanina, azalwe na?

[5]Waphendula uJesu wathi: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: Uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya, angengene embusweni kaNkulunkulu. [6]Lokho okuzelwe yinyama kuyinyama; nalokho okuzelwe nguMoya kungumoya.

Imibuzo:

Nxa uMoya kaJesu uphila kithi kwenzekani na?

- ❑ Siba namandla asisiza ukuba singasoni
- ❑ Usifundisa iqiniso elivela kuNkulunkulu
- ❑ Uyasitshela uma senza okubi

Kulombuzo zonke izimpendulo onikezwe zona ziyiqiniso. Uthi senzeni uJohane nxa sesimukelisiwe uMoya na? _____ .

KwabaseRoma 8 *[9]Kepha nina anisenyameni, kodwa nikuye uMoya uma uMoya kaNkulunkulu ehlala kini. Kepha umuntu uma angenaye uMoya kaKhristu, loyo kasiye owakhe.*

Isibuyekezo

-UJesu Khristu wayeyindodana kaNkulunkulu – UNkulunkulu wayenathi

- UJesu weza ukusikhomba ukuthi uNkulunkulu usithanda kangakanani nokukhokhela izono zethu
- Wavuswa kwabafileyo ngoMoya kaNkulunkulu
- Usipha uMoya wakhe ukuba uphile kithina sizo kuzalwa kabusha sikhule ekukholweni sifane naye.

Izingelozi Nemimoya Emibi



Ukumazi UNkulunkulu:

2

Ukubuyekeza:

UNkulunkulu wadala umhlaba nezilwane nabantu. Umuntu waba isidalwa esibalulekile, sidalwe ngomfanekiso kaNkulunkulu ngoba uyakwazi ukucabanga,ukuthanda,ukubumba ,nokukhethe phakathi kokuhle nokubi.

Kwavela izinkinga ngokuhamba kwesikhathi. Ukhono lomuntu lokukhetha phakathi kokuhle nokubi laletha izinkinga emhlabeni. Izinkinga zavela ezweni lemimoya.

Amahubo 93 *[1]UJehova uyinkosi, umbethe ubukhosi; uJehova umbethe, ubhince amandla. Nezwe limi liqinile lingazanyazanyiswa. [2]Isihlalo sobukhosi simi siqinile kwasendulo; wena ukhona kwaphakade.*

Izwe Lakamoya

UNkulunkulu wadala izidalwa ezbizwa ngokuthi izingelozi. Izingelozi zazimnene, zidalelwe ukukhondza uNkulunkulu nabantu (ngoba umuntu udalwe ngomfanekiso kaNkulunkulu).

Amahubo 103 *[20]Bongani uJehova nina-zingelozi zakhe, nina maqhawe anamandla enza izwi lakhe nilalela ukukhuluma kwezwi lakhe. [21]Bongani uJehova nina-mabandla onkhe, nina zinceku ezenza intanto yakhe.*

Imibuzo:

Khetha impendulo enguyona ngokubhala u ☒ ebhokisini onikezwe lona.

1. Izingelozi zadalelwa ini?
   - ❑ Ukubusa umhlaba
   - ❑ Ukulalela nokukhondza uNkulunkulu
   - ❑ Ukukhonza amadoda nabafazi abangamthandi uNkulunkulu

Izingelozi zazizinhle noma zazizimbi na? _____ .

Kumaheberu 1 *[14]Azisibo yini zonke omoya bokukhondza abathunyelwe ukukhondza ngenxa yabayakudla ifa lokusindiswa na?*

Luka 1 *[19]Ingelozi yaphendula, yathi kuye: nginguGabriyeli mina, omiyo phambi kukaNkulunkulu; ngithunywe ukuba ngikhulume kuwe, ngikubikele lezizindaba ezinhle.*

Imibuzo:

2. Izingelozi ziyathanda ukusiza abantu na ?
   - ❑ Azinandaba nabantu
   - ❑ Zibathukuthele abantu
   - ❑ UNkulunkulu uzithumile ukuba zisize abantwana bakhe

Izingelozi zingakusiza kanjani na? _____ .

OKUVELA KWEMIMOYA EMIBI

Kwase kuvela omoyo ababi emhlabeni. Abanye abantu bakholwa ukuthi lena yilemimoya eyamelana noNkulunkulu ilandela ingelozi enamandla uLusifa. ULusifa wayengafuni ukukhondza uNkulunkulu; wayefuna ukulingana naye.

UHezekeli 28 *[13]Waquse-edene, insimu kaNkulunkulu; onke amatshe anqabileyo ayeyisisibekelo sakho; isardiyu, netopazi, nedayimani ,neshohamu, nejaspi, nesafire, nesimaragidu, nekrisolithe; nezivunulozakho nezisekelo zamatshe zaziyigoide, zilungisiwe ngosuku lokudalwa kwakho. [14]Wawuyikheribi eligcotshiweyo elisibekelayo; ngakubeka, waba - sentabeni engcwele kaNkulunkulu; wahamba phakathi kwamatshe omlilo. [15]Wawuphelele ezindleleni zokho kusukela osukwini lokudalwa kwakho kwaze kwafumaniseka ukungalungi kuwe. [16]Ngobuningi bokuthenga kwakho wagcwaliswa ngobudlova, wonile; ngalokho ngakulahla ungcolile entabeni kaNkulnkulu, ngakuchitha wena-kheribi elisibekelayo, ungabikho phakathi kwamatshe omlilo. [17] Inhliziyo yakho yakhukhumala ngobuhle bakho, wonakalisa ukuhlakanipha kwakho ; ngikulahlele phansi (ngikubeke phambi kwamakhosi ukuba akubone)*

Isaiah 14 *[12]Yeka ukuwa kwakho ezulwini, kwezi elikhanyayo , ndodana yokusa, nokunqunyelwa kwakho phansi , wena owawuthobisa izizwe. [13]Wena wathi enhliziweni yakho: ngiyakukhuphukela ezulwini, ngiphakamase isihlalo sami sobukhosi phezu kwezinkanyezi zikaNkulunkulu, ngihlale entabeni yomhlangano nasekugcinenikwasenyakatho. [14]Ngiyakukhuphuka phezu kwezindawo eziphakemeyo zamafu, ngizenze ngibe ngangoPhezukonkhe . [15]Kepha uyakwehliselwa endaweni yabafileyo, ekugcineni komgodi.*

Ibhayibheli lithi uLusifa walandelwa izingelozi ezinye azidukisayo.

Isambulo 12 *[7]Kwase kuba khona ukulwa ezulwini; uMikhayeli nezingelozi zakhe balwa nodrago. Nodrago walwa enezingelozi zakhe, [8]kepha kabaze banqoba, nendawo yabo kayabe isafunyanwa ezulwini. [9]Wayesephonswa phansi udrago omkhulu, inyoka*

lokhu. Lelicala lalingelula ngendaba yokuthi lentombazana lena yayiyindodakazi yenkosi yenkantolo. Inkosi yenkantolo yayazi ukuthi lentombazana ayinano imali yokukhokhela icala layo ngalokho izoya ejele. Inkosi yenkantolo yayiyithanda indodakazi yayo ingafuni ukuthi iboshwe kepha abeyinkosi eyahlulela ngokufaneleyo ngalokho wayengeke ayiyeke ihambe ingajeziswanga.

Wena wowuyokwenza njani na? Inkosi yenkantolo yenza nje: yalahla indodakazi yayo ngcala inhlawulo yecala yaba yinkulu kakhulu. Intombazana yajabha kakhulu ngokuba yayazi ukuthi izoya ejele. Kepha yathi ukuba iphume intombazana enkantolo inkosi yenkantolo yakhumula ingubo yayo yobukhosi yayibiza intombazana yakhokha inhlawulo yecala layo. Noma ayinkosi yenkantolo abenguyise wayo futhi.

Yilokhu uNkulunkulu asenzela khona thina. Kwakumele asijezisele izono esasizenzile kepha abesithanda kakhulu. Ngalokho weza emhlabeni wakhokha obokumele kukhokhwe yithi. Ngokufa kwakhe wakhokhela izono zethu.

1KaPetru 2 *[24]Yena owathwala izono zethu emzimbeni wakhe emthini, ukuze kuthi sesifile ezonweni siphile ekulungeni, oyena imivimbo yakhe naphulukiswa ngayo; [25]ngokuba beninjengezimvu ezidukileyo, kodwa manje seniphendukile kuMalusi noMbonisisi wemiphefumulo yenu.*

Imibuzo:

4. UNkulunkulu angazithethelela kanjani na izono zethu?
   - ❑ Ngokungazinaki izono zethu
   - ❑ Ngokuzikhokhela
   - ❑ Ngokuthi asiphocelele ukuba sizikhokhele

Uma ubeka ithemba lakho kuJesu Kristu yena ubese wenzani ngezono zethu na? _____ .

Amandla Ayenawo UJesu Akavumanga Ukuba Ahlale Kade Ekufeni

Izenzo 10 *[39]Nathi singofakazi bezinto zonke azenzayo ezweni labaJuda naseJerusalema yena abambulalayo bamphanyeka emthini. [40]Lowo uNkulunkulu wamvusa ngosuku lwesithathu, wamnika ukuba abonakale, [41]kungekubantu bonke kepha kithina esingfakazi abakhethiwe nguNkulunkulu ngaphambili, esasidla siphuza naye emva kokuvuka kwakhe kwabafileyo. [42]Wasiyala ukuba sishumayele kubantu, sifakaze ukuthi: Nguye omiswe nguNkulunkulu ukuba abe nguMahluleli wabaphilayo nabafileyo. [43]Ngaye bonke abaprofethi bafakaza ukuthi ngegameni lakhe bonkhe abakholwa nguye bayakumukela ukuthethelelwa kwezono.*

Imibuzo:

Khetha impendulo enguyona ngokubhala u ☒ ebhokisini onikezwe lona.

1. UNkulunkulu wakhetha ukusikhomba kanjani ukuthi uyasithanda na?
   - ❑ Ngokuthumela uthishela
   - ❑ Ngokuthumela incwadi
   - ❑ Ngokuba ngumuntu eze ukuzophila nathi

UNkulunkulu wakwenza konke lokhu ukubaliwe ngenhla. Sikhona yini isikhathi osikhumbulayo lapho khona uNkulunkulu wathuumela incwadi noma uthishela na? _____ .

2. Akhona na amanga uSathane akutshela wona ngoNkulunkulu, indalo kanye nemimoya na?
   - _____
   - _____

UJesu Kristu Wafela Izono Zethu

UNkulunkulu akezanga kuphela ukuba azophila nathi. Weza ukuzokhokhela izono zethu. Wakwenza kanjani lokho na?

KwabaseRoma 5 *[8]Kepha uNkulunkulu uyabonakalisa ukusithanda kwakhe ngalokhu ukuthi, siseyizoni, uKristu wasifela.*

NgokukaJohane 3 *[16]Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngendodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade.*

Imibuzo:

3. Singathethelelwa kanjani izono zethu na?
   - ❑ Ngokukholwa nguJesu
   - ❑ Ngokwenza kwangathi asizange senze isono
   - ❑ Ngokukhokha ukuthile ukuba sithethelelwe

Yini ayenza uJesu ukuba akhokhele izono zakho na? _____ .

<u>UJesu wakhokhela izono zakho kanjani ngokufa kwakhe na?</u>

Funda indaba elandelayo:

Kwakunedoda eyayiyinkosi yenkantolo. Yayahlulela kahle ngokufaneleyo njalo. Ngelinye ilanga kwavela icala elingelula. Kwalethwa intombazana phambi kwakhe ithweswe icala lokugijimisa imoti ngaphezu kwezinga elivumelekile. Kwakukhanyela noma ubani ukuthi waphule umthetho, nayo intombazana yakuvuma

endala ethiwa uMhlebi noSathane, odukisa izwe lonke, waphonswa phansi emhlabeni , nezingelozi zakhe zaphonswa kanye naye.

Imibuzo:

3. Yabangwa yini impi ezulwini na?
   - ❑ Izingelozi ezazikhukhumeza zamelana noNkulunkulu
   - ❑ Kwabakhona ukudideka
   - ❑ Kwabakhona abantu emhlabeni abamelana noNkulunkulu

Ubani owanqoba na? Izingelozi zikaNkulunkulu noma izingelozi zikaSathane? _____ . Izingelozi zikaNkulunkulu zathunyelwa ukuba zizovikela zibheke wena uma ungumlandeli kaNkulunkulu.

USathane nezingelozi zakhe basemhlabeni. Bazonda abantu ngokuba bazonda uNkulunkulu. Lokhu kungoba abantu badalwe ngomfanekiso kaNkulunkulu.

1 KaPhetro 5 *[8]Qondani nilinde Isitha senu uSathane siyahamba njengebhubhezi elibhodlayo sifuna esingamgwinya..*

Abanye omoya ababi bazenza kwangathi bangamadlozi. Ungabalandeli ngkuba bayizitha zikaNkulunkulu futhi bangomoya ababi. IBhayibheli lisitshela ukuthi uSathane uyaziguqula ingelozi yokukhanya. 2 KwabaseKhorinte 11v14 “Akumangalisi ngokuba uSathane uqobo uyaziguqula ingelozi yokukhanya.”

Imibuzo:

4. Nguyiphi imimoya efanele ukukhonzwa na?
   - ❑ Izingelozi zikaNkulunkulu
   - ❑ Imimoya kaSathane
   - ❑ Ayikho imimoya efanele ukukhonzwa

Munye uNkulunkulu. Ukukhonza omunye kusho ukumelana naye uNkulunkulu. Ufanele ukhonze amadlozi na?_____ .

Umuntu Ukhetha Ukulandela Usathane

Kuyadabukisa ukuthi uAdamu no Eva, abantu bokucala ukudalwa bakhetha ukuthemba uSathane. athane wazenza inyoka ukuze akhohlise uAdamu noEva.

UGenesise 3 *[1]Inyoka yayinobucili kunazo zonke izilwane abezenzile uJehova uNkulunkulu. Yathi kowesifazane: Ngempela yini uNkulunkulu ushilo yini ukuthi: Ningadli emithini yasensimini na? [2]Owesifazane wathi enyokeni: Singadla izithelo zemithi yasensimini, [3]kepha ngezithelo zomuthi ophakathi nensimu uNkulunkulu ushilo ukuthi: Ningazidli, ningazithinti ukuba ningafi. [4]Inyoka yathi kowesifazane: Aniyikufa*

nokufa; [5]kepha uNkulunkulu uyazi ukuthi mhla nizidla, kuyakuvulka amehlo enu, nibe njengoNkulunkulu, nikwazi ikuhle nokubi. [6]Owesifazane ebona ukuthi umuthi ulungele ukudliwa, nokuthi uyabukeka emehlweni, nokuthi umuthi unxanelekile ekuhlakaniphiseni, wathatha izithelo zawo, wadla, wanika nendoda yakhe kanye naye, nayo yadla.

Ngalena ndlela ububi bavela kumuntu. UAdamu noEva bafunda ukungamlaleli uNkulunkulu. Lokhu kubizwa ngokuthi yisono. Ngesikhathi uAdamu noEva becala ukona, ukufa nokuhlupheka, nesono kweza kwangena emhlabeni.

KwabaseRoma 5 *[12]Ngakho-ke njengalokho isono sangena ezweni ngamuntu munye, nangesono kwangena ukufa kwafikela abantu bonkhe, lokhu bonke bonile.*

Imibuzo:

5. Umuntu wona uma enzeni na?
   - ❑ Uma engazi impendulo
   - ❑ Uma ezalwa
   - ❑ Uma ekhetha ukwenza okubi okuphambene nentando kaNkulunkulu

Sonke sonile. Wona ngasiphi isikhathi osikhumbulayo na? _____ .

Kwavunyelwa Ngani Lokhu Ukuba Kwenzeke Na?

UNkulunkulu wayesivivinya. Ufuna ukwazi ukuthi obani abazolandela yena nokuthi obani abazokhetha ukulandela uSathane ezingelozi zakhe.

UJobe 7 *[17]Uyini umuntu ukuba umkhulise, nokuba ubeke inhliziyo yakho kuye*

Imibuzo:

Ubani oyophumelela ukunqoba isivivinyo esibekwe uNkulunkulu na?

- ❑ Ngabahlakaniphe kakhulu
- ❑ Ngabanamandla
- ❑ Labo abakhetha ukulandela uNkulunkulu yedwa

Uma silandela uNkulunkulu, singamucela ukuba asisize. Ucabanga uyakusipha nhloboni yosizo na nxa simucela? _____ .

Isibuyekezo

- UNkulunkulu wadala izingelozi ukuba zikhonze yena nabantu abadalwe ngomfanekiso wakhe
- Isono savela ngokuthi ingeozi eyodwa iziphakamise idukise ezinye izingelozi ukuba zimelane noNkulunkulu
- Umuntu wakhetha ukona ngokungamlaleli uNkulunkulu
- Singayeka ukubuyela kuNkulunkulu siyeke ukona
- Izingelozi zikaNkulunkulu zinamandla phezu kwezingelozi

UNkulunkulu Uzile Ukuba Asisindise

Ukwazi UNkulunkulu
3



Ukubuyekeza Isifundo Esendlulile:

- UNkulunkulu udale izingelozi ukuba zikhonze yena kanye nabantu
- Isono savela ngengelozi eyodwa eyaziphakamisa yadukisa ezinye izingelozi ukuba zimelane noNkulunkulu
- Umuntu naye wakhetha ukona ngokungalaleli uNkulunkulu
- Singakhetha ukubuyela kuNkulunkulu siyekele ukona
- Izingelozi zikaNkulunkulu zinamandla kunezingelozi zikaSathane

Selokho sazalwa sasitjelwa amanga umoya omubi obizwa ngokuthi uSathane. Akafuni ukuthi simazi uNkulunkulu nokuthi thina sazi ngaye uNkulunkulu. Kepha uNkulunkulu ufuna ukuba sazi iqiniso. Uyasithanda futhi uthanda ukuba sibe nokuhle. Abeyositshela lokhu kanjani uma uSathane abelesele ukusitshela amanga na? Wase yena ubona kukuhle ukuba eze mhlabeni.UMoya kaNkulunkulu wangena enganeni eyakhula yaba yindoda, igama lakhe uJesu Kristu. Ngesinye isikhathi ubizwa ngokuthi ungu"Lizwi" ngokuba uyindlela uNkulunkulu ayekhuluma ngayo nathi.

UNkulunkulu Weza Ezweni

UJohane 1 *[1]Ekucaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. [2]Yena lowo wayekhona ekucalenikuNkulunkulu. [3]Konke kwavela ngaye; ngaphandle kwakhe akuvelanga lutho kukho konke okuvelileyo.*

[10]Wayekhona ezweni, izwe lavela ngaye; kepha izwe alimazanga. [11]Weza kokwakhe, abakhe abamamukelanga. [12]Kepha bonke abamamukelayo wabapha amandla okuba babe ngabantwana bakaNkulunkulu, labo abakholwa egameni lakhe, [13]abangazalwanga ngagazi, nantando yenyama, nantando yendoda, kodwa abazalwa nguNkulunkulu.

[14]ULizwi waba-yinyama, wakha phakathi kwethu, sabona inkazimulo yakhe, inkazimulo njengeyozelwe yedwa kuyise, egcwele umusa neqiniso.